



United Nations
Educational, Scientific and
Cultural Organization



Diversity of
Cultural Expressions

UKUTSHALA KUMAKHONO OKUQAMBA

IsiVumelwano Sonyaka
we-Nhokuvikelwa
Nokukhuthazwa
Kokwahlukahlukana
Kokusethula Kwamasiko






Ukuqamba maphakathi nentuthuko esimeme

mhlanje, izimboni zamasiko nokuqamba zenza ingeniso yomhlaba yonyaka eyizigidigidi ezi-US\$2,250 futhi zithumele emazweni angaphandle ngaphezulu kwezigidigidi ezi-US\$250. Le mikhakha, njengamanje ehlinzeka imisebenzi eyizigidi ezingama-30 ehlabeni jikelele futhi eqashe abantu abaningi bobubudala obuyimiyaka eyi-15 ukuya kwengama-29 kunanoma imuphi omunye umkhakha, ungenza kuze kufike kuma-10% e-GDP kwamanye amazwe. Umnotho wokuqamba, owakhiwe yile le mikhakha, ube yinkuthazo ebalulekile yamsu ohwebo emazweni asathuthuka nathuthukile ngokufanayo. Cishe isigamu sabantu abasebenza kule mikhakha abesifazane futhi iningi labo liphumelele ukuthola izinga lemfundo eliphezulu kunasemisebenzini okungeyona eyamasiko.

Izingcweti kanye nokunye okusha kwamasiko, ziphosela inselelo imigomo, zikhuthaze futhi zijabulise. Umsebenzi wazo wenza amandla asekuhlaleni, ukuzithemba kanye nokuzibandakanya okwenza ngcono impilo yansuku zonke yabantu abaningi. Izinto zabo ezintsha kunye nokuzethula kokuqamba buhuba inqubo yentuthuko engandisa ukukhetha kwabantu futhi ibakhuthaze ukuba bacabange ngokunye kwekusasa. Ngakho, zinegalelo ekukhuthazweni kwamagugu jikelele oxolo, entando yeningi, amalungelo esintu, enkululeko eyisisekelo, okulingana kobulili kanye nawendima yomthetho.

Kumashuminyaka amabili adlulile, izimboni zamasiko kanye nezokuqamba ziguquke ngokubonakalayo. Lokhu ikakhulukazi emazweni asathuthuka, lapho kuthejelwe kakhulu ezinhlelweni, eziqutsheni nasezikhungweni zamasiko ezingahlelekile ezingahle zishiye izingcweti nezazi zamasiko zingenakufinyelelwa kumathuba onkwanganyelwa, okulawulwa, nawokutshala izimali. Ngenkathi izizinda zedijithali zivule amathuba amaningi amasha okuqamba nezethemeli zazo, kuphinde kwakhona ukunyuka kokuxinana kwemakethe yezizinda ezinkulu kanye nokukhalipha okwenziwe. Intuthuko enjenglena iphosa inselele ukuzimela kwezizwe kanye nokukwazi kwazo ukusebenzisa izinqubomgomo zomphakathi ukukhuthaza izimboni zamasiko nokuqamba zazo.

Imibuzo emisha ivelile mayelana nemihlo efanekisa yabaqambi enkundleni yedijithali kanye negebe eliqhubekayo lenkokhelo eliphakathi kwamadoda aunye nabesimame emhlabeni.





Umphelelo wamazwe ngamazwe wamukela umthetho wamazwe ngamazwe ngonyaka we-2005 njengohlaka lwamasu okubhekana nnalezi zinsalelo. IsiVumelwano se-UNESCO Ngokuvikelwa Nokukhuthazwa Kokwahlukahlukana Kokethulwa Kwamasiko manje sekulungiswe iningi lohulumeni emhlabeni wonke. Simisa ilungelo lokwamukela izinqubomgomo kanye nezinyathelo zokuxhasa ukuvela kwezimboni eziguqukayo, eziqile nezokuqamba. Sihlinzeka ngohlelo lokuzokwenziwa oluqinisekisa **izingcweti, izazi zamasiko nabasebenzi bokuqamba, kanye nazo zonke izakhamuzi, ukuthi zinamandla okuqamba, okukhiqiza, okusabalalisa, kanye nokujabulela izinhlobonhlobo ezibanzi zezimpahla, zezinsizakalo kanye nokwenziwayo, kubandakanya nokwazo.**

IZIMBONI ZAMASIKO NOKUQAMBA EZIPHAMBILI

Izimboni zamasiko nokuqamba zifaka isilinganiso

US\$2,250 esiyizigidigidi

kwi-GDP yamazwe omhlaba ngonyaka ngamunye



Izimboni zamasiko nokuqamba ziqasha isilinganiso

30 sesigidi sabantu emhlabeni jikelele

IsiVumelwano sinikeza uhlaka lwamasu nohlahlandlela wokuthathwa kwezinyathelo ezidinga labo abasebenza kohulumeni kanye nalabo abangasebenzeli uhulumeni ukuba basebenzisane kunye ukuze bafeze izinhloso ezine:



Inhloso yoku-1 UKUSEKELA IZINHLELO EZIZINZILE ZOKUSEKELWA KOKWENGANYELWA KWESIKO



Inhloso yoku-2 UKUTHOLA UKUGELEZA OKULINGANAYO KWEMPAHLA KANYE NEZINSIZAKALO ZAMASIKO KANYE NOKWANDISWA KOKUHAMBA KWEZINGCWETI KANYE NEZAZI ZAMASIKO



Inhloso yoku-3 UKUBANDAKANYWA KWESIKO EZIHLAKENE ZENTUTHUKO ESIMEME



Inhloso yoku-4 UKUKHUTHAZA AMALUNGELO ESINTU KANYE NEZINKULULEKO EZIYISISEKELO



Isiko lesikhathi samanje elivula umhlaba wamathuba okuqamba

10

Izinto eziyi-10 okufuneka uzazi mayelana nesiVumelwano sonyaka we-2005



1. Izingqubomgomo zamasiko ziyilungelo elizimele

IsiVumelwano ithuluzi lomthetho lamazwe ngamazwe lokuqonda ilungelo elizimele lohulumeni lokuba bamukele izingqubomgomo zamasiko kanye nezokusebenzisa izinyathelo zokukhuthaza ukuhlukahlukana kokuzethula kwamasiko, ngokusenzisa izinhlobo ezahlukene zokungenelela komthetho, kolawulo, kwezikhungo nokwezimali.

2. Ukuhlukahluka kwabezindaba kusekela ukuzethula kwamasiko

Ukuqinisekisa ukuhlukahlukana kwabezindaba kubalulekile ekukhuthazeni ukuzethula kwamasiko okuhlukahlukeni. IsiVumelwano sikhuthaza ohulumeni ukuba basekele abezindaba bosizo lukahulumeni kanye nokwamukela izinyathelo eziqinisekisa izikungo ezahlukene zabezindaba, ukusekela ukukhiqiza kokuqokethwe okwahlukene futhi kuqinisekise ukuzimela kokuhlela okuphelele kanye nenkululeko yabezindaba.

3. Ukutshala izimali ekuqambeni kwedijithali kubalulekile.

IsiVumelwano sixazulula izinselele zedijithali ngokumema ukusetshenziswa kwezingqubomgomo kanye nezinyathelo kanye nokutsha okuvelayo kwedijithali, okuqinisa ulwazi lokufunda nokubhala ngedijithali kanye namakhono obuchwepheshe, kanye nokuhlonipha inkululeko yobuciko endaweni yedijithali.

4. Ukwengamela okusimeme kwamasiko kuvumela ukubamba iqhaza

IsiVumelwano sidinga ukuzibandakanya okubonakalayo kwamazi ahluahlukene ekwakhiweni kwenqubomgomo, kwisakhiwo senqubomgomo nokusetshenziswa kwayo. Ukubandakanyeka komphakathi emahhovisi ongqongqoshe beminyango kahulumeni nakwiminyango kahulumeni ebheke amasiko kanye nemfundo, imicimbi yasekuhlaleni, ukuqashwa kanye nohwebo kuyadingeka ukuhlangabezana nezidingo nezimfuno zabo bonke okusetshenziswana nabo abasebenza ezimakethe eziguquka njalo.

5. Ukubambisana kokusebenzisana kudinga ukuhamba

Izingxenye zesiVumelwano zidinga ukuba zethule izindlela zomthetho nezezikhungo ukuququzelela ukuhamba kwezingcweti kanye nezazi zamasiko. Simema izinyathelo zokulwa nezihibe ekubambisaneni kokusebenzisana ngamasiko, kubandakanya izingqubo ezenziwe lula ze-visa, izivumelwano zokukhiqiza ngokubambisana, izindawo zokuhlala izingcweti, izibonelelo zokuhamba kanye namathuba okuthumela emazweni angaphandle okwenziwe ngcono.

6. Izimpahla, izinsizakalo kanye nemisebenzi yamasiko ingazuza ekuphatheni okukhethekile ezivumelwanweni zohwebo

IsiVumelwano sazisa uhlobo olucacile lwezimpahla nezinsizo zamasiko futhi sivumela ukuba zikhululwe emithethweni jikelele yohwebo. Ngokusemthethweni ingasetshenziswa lapho kuxoxiswa ngezivumelwano zokuhweba kanye namasu okutshala izimali ezivumela ohulumeni ukuba bamukele izinqubomgomo zesizwe kanye nezinyathelo ezisa phambili isikhundla samasiko emazweni azo.

7. Ukutshala izimali ekuqambeni kuyinhlosongqangi tentuthuko esimeme

siVumelwano siphawule ukutshalwakwezimali ekuqambeni njengenhlosongqangi yentuthuko. Ohulumeni kuwo onke amazwe bazofakaukuqamba kuzo zonke izinhlelo zentuthuko yesizwe. Ezingeni lomhlaba, amazwe kundike ahlinzeke usizo lwezimali ekuqambeni ngokusebenzisa isandla soSizo Olusemthethweni Lwentuthuko (i-ODA), abe negalelo kwisiKhwama Soamazwe Omhlaba Sokuhukahluka Kwamasiko (i-IFCD) kanye nnokusekela izinhlelo zosizo lokusebenza ukuze kuqiniseke amandla abantu kanye nawwezikhungo emazweni asathuthuka.

8. Ukuna negalelao kwabesimame ekuqambeni kufanele kwaziswe

IsiVumelwano ngeke sisetshenziswe ngemfanelo ngaphandle kokukhuthazwa okubonakalayo kokulingana ngokobulili wesini kuzo zonke izinkundla zamasiko. Ukungamelwa ngokwanele kwabesimame ezindimeni ezibalulekile zokuqamba kanye nasezikhundleni zokuthatha izinqumo kunye nezikhawu ezibonakalayo kwizinkokhelo nasekufinyelekeni kwizimali kufanele kulungiswe. IsiVumelwano sifuna ukufakwakombono wobulili kuso zonke izinqubomgomo nezinyathelo zamasiko.

9. Inkululeko yobuciko iyinto eyisidingo esikhulu ekuqambeni

Ukuvinjelwa kwinkululeko yobuciko kanye nokufinyelela ekuzethuleni kobuciko okwahlukahlukeni kwenza ukulahlekelwa okukhulu emasikweni, enhlalweni nakwezomnotho. Kuvimbela izingcweti nezazi zamasiko izindlela zabo zokuzethula nokuziphilisa, futhi kudala isimo esingavikelekile kuzethameli zazo. IsiVumelwano siyaqonda ukuthi ukuhlukahlukana kokuzethula kwamasiko kungakhuthazwa kuphela uma amalungelo esintu kanye nezinkululeko eziyisisekelo ziqinisekiswa.


10. Izinqubomgomo zamasiko zilungiswa kwakhona ngobufakazi obuqinile kanye namakhono aqinile

kwabelana ngolwazi kunye nobusobala kuyinto ebalulekile esiVumelwaneni. Ekulungisweni, amazwe azibophezele ekubikeni ngezinqubomgomo nezinyathelo awamkeleleyo azemukele ukuze kusebenze isiVumelwano. Le mibiko yezikhathi ezithile ifakwa njalo eminyakeni emine futhi ilungiswa nabantu enhlalweni. Kusukelwa kakhulu kule mibiko, i-UNESCO ishicilela uchungechunge lweMibiko Yamazwe Omhlaba, enesihloko esithi ukuLungiswa Kabusha Kwezinqubomgomo Zamasiko, (Re|Shaping Cultural Policies), oluphawula izinqubo ezinhle futhi lukhuthaza ukufunda nokudluliselana nkontanga ulwazi.

Ziyini izimboni zamasiko nokuqamba?

IsiVumelwano sichaza izimboni zamasiko nokuqamba njengalezo ezikhiqiza futhi zisabalalise izimpahla, izinsizakalo noma imisebenzi yamasiko equkethe amasiko adlulisa imibono, izimpawu kanye nezindlela zokuphila, kungabhekwa ukubaluleka kokuhweba okunokuba nakho. Lokhu kusebenza ekuzethuleni kwamasiko nobuciko okudluliswa ngamagama (izincwadi), ngomsindo (umculo, umsakazo), ngemifanekiso (izithombe, i-TV, amafilimu), ngokunyakaza (umdanso, imidlalo yeshashalazi) noma ngezinto (okuqoshiwe, umdwebo, idizayni) kanye nanganoma iluphi olunye uhlobo (oluphilayo, olugayiwe, olulalelwa lubonwe, olwedijithali). Amakhakhana ekhethekile eyisikhombisa efanele ithole usizo lwezimali kusetshenziswa isiKhwama Samazwe Ngamazwe Sokuhlukahlukana Kwamasiko: okulalelwa kubonwe/ibhayisikobho, ubuciko obubonwayo, idizayni, ubuciko babezindaba, umculo, ubuciko obenziwayo, kanye nokushilelwe.

UKUSEBENZA SISONKE UKUQHUBEKISELA PHAMBILI UKUQAMBELA INTUTHUKO





Iketanga lokubaluleka: indlela ebandanyakayo

IsiVumelwano ithuluzi lokuphoqelela izinhlaka zehlangano ezinomthelela oqondile kumazinga ahlukene eketanga lokubaluleka kubandakanya, ukuqamba, ukukhiqiza, ukusabalalisa, ukuhanjiswa kanye nokujabulela izimpahla, izinsizakalo kanye nemisebenzi yamasiko. Le modeli inquma ukuthi, nini, kuphi nakanjani, uma ukungenelela embini kuzoyiqinisa, kuqinisekise ukusimama, futhi kunike ulwazisa ukwenziwa kwenqubomgomo yesikhathi esizayo.

UKUSEBENZA KWENKETANGA LOKUBALULEKA: IMBONI YAMAFILIMU YASE-COLOMBIA





Ukuhlala uphambili ngesikhathi sedijithali

Izimbongi ezingi zamasiko nokuqamba zibaluleke kakhulu emnothweni wokuqamba kwedijithali, owenza izigidigidi ezingama-US\$200 kwintengiso yedijithali emhlabeni. Imibuzo emisha idinga izimpendulo ezintsha:

Singazenza kanjani izinqubomgomo zibe ezamanje sizenzela ukuqamba endaweni yedijithali?


Sifanele siyibheke kanjani i-e-commerce ezivumelwaneni zamasiko nokuhweba?

Singababandakanya kanjani abadlali bendima bedijithali balapha ekhaya futi sivikele imiholo yezingcweti?


Singalukungisa kanjani ukuhlukana nokungalingani kwedijithali?

Isiko ledijithali lihlanganiswa ngokusheshayo, lisekelwe mhkutholwa kwezindaba futhi lwenza kube nokuxoxisana. Ubuchwepheshe obusha buvulr ukufinyeleleka kokuqokethwe yidijithali, behlisa izindleko zokukhiza, benyusa amathuba futhi kwaphoqelela izinhlobo ezintsha zokuxhaswa kwezimali, kwavumela ukwandwa ngamandla kokuqamba.


IN THE NEW DIGITAL CREATIVE ECONOMY, ACCESS TO DATA IS KEY



-YouTube inesigidigidi esi- sabasebenzisi, okulinganiselwa kuso izigidi ezi-800 sabasebenzisi bomculo emhlabeni jikelele



Ingeniso ibuyela kubaqambi ngokuqokethwe kwi-intanethi imele kuphela ama-7.2% yalokho okukhokhela abenzi amhlabeni



Okubuka manje asakhe iningi: ama-59% okubukezwa kwedijithali




Ingeniso yedijithali yenza okungenani ama-50% isabelo sengeniso yezimali eziphelele zembongi yomculo oqoshiwe

"Eminyakeni eyishumi, sisuke esikhathi sokunganeli saya esikhathini sokufinyeleleka ngobuningi ezimpahleni zamasiko kwi-intanethi. Ngokwamukela imihlahlandlela yokusebenza, i-UNESCO naMazwe Angamalungu ayo bavumile ukuthi ukuhlukahlukana kufanele kugcinwe ehlabeni wedijithali."

Ngu-Audrey Azoulay, uMqondisi-Jikelele we-UNESCO



UKUSEKELA UKUQAMBA NGESIKHATHI SEDIJITHALI



Kodwa-ke, ukukhula kanye nokugcwala kwemakethe izizinda izinkulu, ukuhlukana kwedijithali kanye nokufunda nokubhala okunganele kwedijithali yabezindaba kungehlisa ukufinyeleleka noma amathuba. Ukusetsheziwa ngaphandle kwemvume kwempahla enelungelo lokugaywa futhi kusenkinga enkulu. Njengasekuveleni kokuhlakanipha okwenziweyo, okungukuthi ngaphandle kokukhuthaza izimboni zamasiko nokuqamba emazweni asathuthuka kanye nokuvala igebe ledijithali, kungaveza futhi ushintsho olukhulu eketangeni lamasiko lokubaluleka guthi kuvimbele amalungelo ezingcweti. Izingxenye esiVumelwaneni zibone ukubaluleka kwe-ajenda yedijithali ngokwamukela iMihlahlandlela Yokusebenza ngokukhuthaza ukwahlukahlukana kokuzethula kwamasiko enkundleni yedijithali. IMihlahlandlela ihlinzeka ngohlaka lwamasiko ukuze kuqondwe, kuhunyushwe futhi kusetsheziwe esiVumelwano enkundleni yedijithali ukuze kutholwe imihlo efanekile nelinganayo yizingcweti kanye nayizazi zamasiko.

Isikhathi soKuhlakanipha Okwenziwe

Izisetshenziswa zokwakha okuqukethwe okusha ngokusebenzisa ukuHlakanipha Okwenziwayo (i-Artificial intelligence)(i-AI) isetshenziswa yizingcweti, abenzi beznhlelo, onjiniyela, osozibalo, abadwebi bezinhlelo zokwakha, amadizayna, abalingisi ngeekhompyutha, njll. Kodwa, umkhakha kahulumeni ungalahlekelwa i-ajenti yawo emkhakheni wokuqamba uma wehluleka ukulungisa ukukhula kanye nokugcwala kwemakethe yezizinda ezinkulu ezilawula idatha futhi zibe negunya lazo zizodwa ekuhlakanipheni okenziwe. Kuyadingeka ukuqinisekisa ukuthi osomashishini bamasiko banokufinyeleleka ekuqeqeshweni, kumathuba osizo lwezezimali, kwizingqalazizinda nakumathuluzi adingekayo ukuqinisekisa amathuba alinganayo kanye nokufeza izimakethe ezahlukahlukeni nezishintshayo. Ukwenza konke ukuqamba kusebenze kubo bonke kungaba negalelo, uma kusetsheziwe ngokwanele, ekuvaleni igebe ledijithali kanye nokuqinisekisa ukubanjwa kweqhaza empilweni yamasiko.



Ukwenza ukulingana enkundleni yemakethe yomhlaba

Kukhona ukungalingani ekuhwebeni ngezimpahla nezinsizakalo zamasiko emhlabeni wonke, ounama-30% ongaphansi okuthunyelwa emazweni angaphandle kwezimpahla zamasiko ezivela emazweni asathuthuka. Kukho ukungalingani futhi ezingeni lokufinyeleleka kwezingcweti nakuzazi zamasiko okudingeka belwenzile noma baludlale emazweni abazikhethile wona ngenxa yokonyuka kwemikhawulo yokuhamba, ikakhulukazi izingcweti ezivela emazweni asathuthuka

Ukufeza ukufinyeleleka okulinganayo, ukuvuleleka kanye nokungalingani ekugelezini kwezimpahla nezinsizakalo zamasiko kanye nokuhamba kwezingcweti kubalulekile ekusetshenzisweni kwesiVumelwano. Ukuze kwenziwe lokhu, amazwe azokwenza ukuba kusebenze izinhloko ezikhethekile zomthetho kanye nezimiso ezinika

'ukuphathwa ngokukhethekile' kuzingcweti kanye nezazi zamasiko ezivela eMazweni Asathuthuka. Le yinkundla lapho ukukhona okukhulu kwesiVumelwano kusahleli kungakathintwa

'Ukuphathwa ngokukhethekile', umqondo okujwayele ukuba usetshenziswa kwingqikithi yobudlelwane bokuhweba, manje usuyithuluzi lokusebenzisana kwamasiko ezingeni lamazwe ngamazwe. Imishwana yokuqala yokuphathwa ngokukhethekile efakwe ezivumelwaneni zokuhwebo ikhuthaza amazwe athuthukile ukuba asebenzise izintela eziphansi ezimpahleni ezivela emazweni asathuthuka. Namhlanje, ukuphathwa ngokukhethekile kubhekisele ezinhlotsheni ezahlukeni zezimo ezinhlakile ezinikwa ngamazwe athuthukile ezimpahleni nakuzinsizakalo zamasiko ezivela emazweni asathuthuka. Zifaka phakathi ukhlinzeka 'kokuphathwa kwisizwe' ukuze anikezwe ukufinyeleleka kuzinhlelo zokuxhaswa ngezimali ngokuvalie ezigcinelwe izimpahla nezinsizakalo zamasiko esizwe, okanye ukwenza ukuba imisebenzi yabo ifakwe 'kwi-national content quotas'.

Amazwe amukele isiVumelwano aphinde azibandakanye odabeni olukhulu lwemikhawulo yenkululeko yokuhamba phakathi kwamazwe athuthukile kanye namazwe asathuthuka uma ukufinyeleleka olulinganayo ezimakethe zomhlaba kudingeka ukuba ziphonyeleliswe. Izinyathelo zokuphathwa ngokukhethekile zingalungisa imingcele yokuhamba ngokusebenzisa, isibonelo, ama-visa akhethekile kuzingcweti nakuzazi zamasiko futhi nangezimali ezikhokhwayo ezehlisiweyo

Yini ukuphathwa ngokukhethekile?


Iphuzu le-16 lesiVumelwano lidinga ukuba iZingxenywe ezivela emazweni athuthukile 'zigququzele ukutshintshisana ngamasiko namazwe athuthukile ngokunikeza, ngesikhungo esifanele kanye nezinhloko zomthetho, ukuphathwa okukhethekile kuzingcweti nakuzazi zamasiko, kanye nezimpahla nezinsizakalo zamasiko ezivela emazweni asathuthuka'.

UKWENZA UKUBA UKUPHATHWA NGOKUKHETHEKILE KUSEBENZE


Kukhoni ekungalingani ekugelezeni kwezimpahla nezinsizakalo zamasiko

Emazwe asathuthuka, isabelo sokuhweba kwamazwe omhlaba


empahleni elalelwa ibonwayo kanye neyomculo kuphela




impahla yobuciko obubonwayo kuphela



ukushicilelwa kwempahla kuphela



... futhi ukuhamba kwezingcweti



Abanikazi bezincwadi zokuvakasha abavela eMazweni Asaththuka banokufinyeleleka okungadingi i-visa

kuphela ku

75


wamazwe




uma kuqhathaniswa ku

156

wamazwe



labanikazi bezincwadi zokuvaka abavela eMazweni Athuthukile



Lokhu, yize kunjalo, unkulinganiswa kwezinyathelo ngokuphathwa okukhethekile



Ukugelza

- Amalungiselelo okusebenziswano kwamasiko
- Amakhredithi entela
- Izivumelwano zokubalekela ukukhokhiswa intela kabili
- Ukukhiqiza nabanye futhi nezivumelwano zokusabalalisa nabanye
- Usizo lwezimali
- Ukungeniswa kwezimpahla namathuluzi avela kwamanye amazwe ngezindleko eziphansi
- Ukwehliswa kwekhottha yokungeniswa kwezimpahla ngaphakathi ezweni



Ukuhamba

- Ukwenziwa lula kwezinqubo ze-visa yokungena, ukuhlala nokuhamba okwesikhashana

- Ukwehliswa kwezindleko ze-visa kuzimadalana zokuba izingcweti zihlale ukuze zisebenze





Ukususa izihibe ekulinganeni kobulili

Ngengathi abesimame bemelwe ngamandla emkhalkheni wokuqamba futhi bengabasebenzisi ababalulekile bezimpahla nezinsizakalo zamasiko ezindaweni eziningi emhlabeni, abakamelwa ngokufanele emisebenzini eminingi yamasiko nakuzikhundla zokuthatha izinqumo. Amagebe engeniso kanye nezimoezinmgezinhle zomsebenziziqhubeka.

Izindlela zokuvimbela zikwazile ukugcina ukungalingani ngokobulili emisebenzini ethile yamasiko nakuzimboni ezithile: imininingo ikhombisa ukuthi abesimame banathuba amaningi okuba basebenze ezinkundleni ezifana nemfundo nokuqeqesha kwamasiko (ama-60%), izincwadi nokushicilelwa (ama-54%), futhi babe phansi ezinkundleni ezifana nokulalelwa kubonwe kanye nasekuqoqweni kwezindaba okukuhlanganisa nabanye abant (ama-26%), izinsizakalo zokudizayna nezokuqamba (ama-33%).

IsiVumelwano sifuna izinqubomgomo nezinyathelo ezisekela abesimame njengezingcweti nabakhiqizi bezimpahala nezinsizakalo zamasiko. Lokhu kubandakanya ukwazisa ilungelo labo lokuqamba, ukubamba iqhaza nokuba negalelo empilweni yamasiko.

Ukufeza lokhu, isiVumelwano sinikeza ngethuba elikhethekile emazweni lokubhekana nezinsalelo zobulili ngokusebenzisa izimpindulo zenqubomgomo ebandakanyayo edinga izinyathelo zomthetho, zokulawula nezezikhungo. Lokhu kubandakanya, isibonelo, ukuphoqelela izinyathelo "zenkokhelo elinganayo ngomsebenzi olinganayo" noma ukunikeza ukufinyeleleka okulinganayo ekuxhasweni kwezimali zokuqamba.

7% wabesimame

basebenza imisebenzi edlule kowodwa, emkhakheni wamasiko ???

10%

24% wabesimame

baziqashile, emkhakheni wamasiko ???

34%

Kuphela

31%

eZikhungo Zikazwelonke Zobuciko, noma eMikhandlu aholwa abesimame

"Sifanele sakhe umhlaba lapho abathatha izinqumo bazisa abesimame ngokuhlukahlukana kwabo okuhle, abafuna ukuzibona bebonakala emasikweni abawasebenzisayo. Sifanele sakhe umhlaba lapho owesimame ngokufanayo nowesilisa ethatha izinqumo. Sifanele sakhe umhlaba lapho kuyinto ejwayeleke ngokuphelele nengumkhakha omkhulu ukubukela amafilimu abhalwe abesimame futhi aqondiswa abesimame aphinde akhiqizwa abesimame".

u-Chimamanda Ngozi Adichie





United Nations
Educational, Scientific and
Cultural Organization



Diversity of
Cultural Expressions

Ukusetshenzis wa kwama-SDG

*Amasiko, ukuqamba nokusha kobuciko
kuyizinto ezibalulekile kanye nezivumela
intuthuko. Njengokuphela kwesivulwano
samazwe ngamazwe ezibophezela iZingxenye
Zamazwe ekubandakanyeni kwamasiko
kuzinqubomgomo zawo, isiVumelwano 2005
sisebenza ngokubonakalayo ukufeza
IZinhloso Zentuthuko Esimeme (ama-SDG).*

Ukufeza lokhu, lesi siVumelwano
sibheka kuzinhloso zaso ezine:



Inhloso yoku-1

**UKUSEKELA IZINHLELO EZIZINZILE
ZOKUSEKELWA
KOKWENGANYELWA KWESIKO**



Inhloso yesi-2

**UKUFEZA UKUGELEZA
OKUZINZILE KWEMPAHLA
NEZINSIZAKALO ZAMASIKO
KANYE NOKUKHULISA
UKUHAMBA KWEZINGCWETI
NEZAZI ZAMASIKO**



Inhloso yesi-3

**UKUBANDAKANYWA KWESIKO
EZIHLAKENE ZENTUTHUKO
ESIMEME**



Inhloso yesi-4

**UKUKHUTHAZA AMALUNGELO
ESINTU KANYE NEZINKULULEKO
EZIYISISEKELO**



Amasu okusebenzisa ama-SDG ngeSiko



Inhloso yoku-1

UKUSEKELA IZINHLELO EZISIMEME ZOKUSEKELWA KOKWENGANYELWA KWESIKO

Amasu okusebenzisa

Ukwakha izinhlelo zokuqeqeshelwa imisebenzi zentsha engasebenzi ukuze ithole amakhono ezimbonini zamasiko nokuqamba

Ukunikeza ukuxhaswa kwezimali kuzikhungo zedijithali, kuzikhulisi kanye nakumaqoqo abantu abasha abanamakhono okusebenza

Ukwakha izindawo zokuhlala amaciko



Inhloso yesi-4

UKUKHUTHAZA AMALUNGELO ESINTU KANYE NEZINKULULEKO EZIYISISEKELO

Amasu okusebenzisa

Ukubandakanya indlela yokulingana ngokobulili ezinhlelweni zokuxhasa ngezimali ubuciko bomphakathi

Ukusungula izinhlelo zobuholi kanye nezokubonisa kwabesimame ezimbonini zamasiko nokuqamba

Ukuqokelela imininingo eyahlukenisa ngokobulili ukuze kulandelelwe ukulingana kobulili emkhakheni wamasiko



Inhloso yesi-2

UKUFEZA UKUGELEZA OKUZINZILE KWEMPAHLA NEZINSIZAKALO ZAMASIKO KANYE NOKUKHULISA UKUHAMBA KWEZINGCWETI NEZAZI ZAMASIKO



Inhloso yesi-3

UKUBANDAKANYWA KWESIKO EZIHLAKENE ZENTUTHUKO ESIMEME

Amasu okusebenzisa

Ukwandisa ukuxhaswa ngezimali kwamasiko aso Sizweni Olusemthethweni Lentuthuko nasesiKhwama Samazwe Omhlaba Sokuhlukahlukana Kwamasiko

Ukunikza ukusekelwa kwezinhlelo zokuhlomisa emazweni asathuthuka ezibandakanya izimboni zamasiko nokuqamba ezinhlelweni zikazwelonke zentuthuko

Ukunikeza ukuxhaswa komsebenzi emazweni asathuthuka ukuze kwakhiwe uhlaka lukazwelonke lwezibalo zamasiko kanye nokuqeqesha osozibalo basekhaya

Ukwakha izinhlelo zomthetho nokulawula ukuze kwandiswe ukuthunyelwa emazweni angaphandle kwezimpahla nezinsizakalo zamasiko

8 DECENT WORK AND ECONOMIC GROWTH



Inhloso yoku-1

UKUSEKELA IZINHLELO
EZISIMEME ZOKUSEKELWA
KOKWENGANYELWA KWESIKO

Inhloso yesi-2



UKUFEZA UKUGELEZA OKUZINZILE
KWEMPAHLA NEZINSIZAKALO
ZAMASIKO KANYE NOKUKHULISA
UKUHAMBA KWEZINGCWETI NEZAZI
ZAMASIKO

Inhloso yesi-3



UKUBANDAKANYWA
KWESIKO EZIHLAKENE
ZENTUTHUKO ESIMEME

Amasu okusebenzisa

Khulisa Usizo Lwezibophezelo Zokuhweba kanye nokukhishwa kwemali emkhakheni wezamasiko Yakha izinhlelo zokufakwa kwabantu kumathuba emisebenzi embonini yezamasiko nezobuciko Ama-SME Ahlinzeka izindlela ezintsha zokuxhasa ngezimali izimboni zamasiko nokuqamba enkundleni

yedijithali

10 REDUCED INEQUALITIES



Inhloso yesi-2



UKUFEZA UKUGELEZA OKUZINZILE
KWEMPAHLA NEZINSIZAKALO ZAMASIKO
KANYE NOKUKHULISA UKUHAMBA
KWEZINGCWETI NEZAZI ZAMASIKO

Amasu okusebenzisa

Nikeza amakhredithi entela kumabhezini amasiko ezivela emazweni asathuthuka ekulethelethweni ezweni ngenisweni kwezimpahla zamasiko

Yehlisa izimali ze-visa kumaciko nezazi zamasiko ezivela emazweni asathuthuka

Dala imigwamanda yokuthunyelwa kwezinto kwamanye amazwe ukuze kusekelwe ukufinyeleleka ezimakethe zamazwe angaphande

16 PEACE, JUSTICE AND STRONG INSTITUTIONS



Inhloso yoku-1

UKUSEKELA IZINHLELO EZIZINZILE
ZOKUSEKELWA
KOKWENGANYELWA
KWESIKOE

Inhloso yesi-4



UKUKHUTHAZA
AMALUNGELO ESINTU
KANYE NEZINKULULEKO
EZIYISISEKELO

Amasu okusebenzisa

Yakha amakhomishini okubambisana kukahulumeni kanye nomphakathi ukuklama izinqubomgomo zamasiko nokuqapha umthelela wazo

Yakha imigwamanda ezimele yokuqapha ukwepulwa kwenkululeko yobuciko/ inkululeko yabezindaba Yakha izinhlelo zokuqeqesha ukuthuthukisa ubuchwepheshe bezomthetho ngenkululeko yezobuciko



United Nations
Educational, Scientific and
Cultural Organization



Diversity of
Cultural Expressions

*Ukuvikela nokukhuthaza
ukwehlukahlukana kokuzethula
kwamasiko kunesandla ekuthuthukisweni
okusimeme. Yingakho-ke isiVumelwano
sonyaka we-2005 sisebenzisa
ngokuzikhandla ekusetshenzisweni
kwama-SDG kanye nokuthola izindlela
zokusekela ezomnotho ezihambisana
nakho kanye. nezici zesiko lentuthuko.*

<http://en.unesco.org/creativity>



Izinhlolo
Zentuthuko
Esimeme



Inkululeko yobuciko akuyona into yokunethezeka

Inkululeko yezobuciko iyinselelo yomhlaba wonke. Izinto esabisa amalungelo esiNtu kanye nenkululeko yobuciko kuyancipha futhi kwenze buthaka ukwahlukahlukana kokuzethula kwamasiko, ngenkathi kugugula kuqede inhlalakahle yabantu ngabanye kanye nekhwalithi yempilo. Ezingcwetini nezazi zamasiko, ikakhulukazi lezo eziphila ezimweni zokungqubuzana, lokhu kusabisa kungabeka izimpilo zazo nempilo kanye nezindlela zokuziphilisa engozini. Lezi ezisabisayo zivela ekucinyweni ohulumeni, izinhlangano noma ezembusazwe, ezenkolo noma amanye amaqembu, ukuya ekuboshweni, ekusongelweni ngokomzimba, kanye nokubulawa kwabantu. Ekuphenduleni, abanye ohulumeni nezinhlangano, njenge-International Cities of Refuge Network (i-ICORN) noma i-SafeMUSE, zidale izindawo eziphephile zokuvikela izingcweti ezisengcupheni.

Indawo yedijithali nayo ilethe izinsongo ezintsha kumalungelo nenkululeko. Phakathi kwazo kukhona 'ukufunafuna' kwi-inthanethi, lapho izinsongo zingasabisa izingcweti ukuthi zihoxe emsebenzini wazo. Ukwanda kokubheka kwedijithali nakho kunomthelela owonakalisayo enkululekweni yezobuciko. IsiVumelwano sibeka phambili ukuthi 'ukwahlukahlukana kwamasiko kungavikelwa futhi kugqugquzelwe kuphela uma amalungelo esiNtu nenkululeko eyisisekelo, efana nenkululeko yokuzethula, imininingwane nokuxhumana, kanye nokukhona kwabantu ngabanye ukuba bafinyeleleke ekuzethuleni kwamasiko okuhlukahlukene, iqinisekisiwe'.

IsiVumelwano kanye nemigomo yaso eqondisayo kungakhuthaza umthetho, izinqubomgomo nezinyathelo ezikhuthaza futhi zivikele inkululeko yezobuciko, eqondwa ngokuthi:

- Ilungelo lokuqamba ngaphandle kokucishwa noma ukusatshiswa
- Ilungelo lokuba nomsebenzi wobuciko osekeliwe, osatshalaliswe futhi noholelwayo
- Ilungelo lenkululeko yokuhamba
- Ilungelo lenkululeko yokuzihlanganisa
- Ilungelo lokuvikelwa kwamalungelo enhlalakahle nawomnotho
- Ilungelo lokuzibandakanya empilweni yamasiko

Lezi siVumelwano siyithuluzi elibalulekile lokusekela ukwanda kokuqapha, ukumela kanye nokuqwashisa. Inkululeko yezobuciko ibe ngenye yezindawo zokuqapha eMbikweno we-UNESCO Womhlaba Wonke wokuhlola ukusetshenziswa kweSivumelwano. Ukukhuthaza ubudlelwano - phakathi kwaMazwe Angamalungu, izinhlangano zamaciko amazwe omhlaba, izikhungo zamalungelo esiNtu, amajaji nabashushisi - ngakho-ke kubalulekile ukuqinisekisa ukusebenza kahle.

"Lo mhlango obalulekile ugqizelela ukubaluleka kokukhulisa nokusekela inkululeko yokuzethula kanye nokufinyeleleka kumasiko ahlukahlukene. Iyinsiza ebalulekile kithi izingcweti. Ngiyethemba ukubona ukuqwashiswa okukhulu nokuxoxisana ngokuthi kungani lokhu kubalulekile emiphakathini yethu."

U-Deeyah Khan



U-Deeyah Khan, iNnxusa Le-UNESCO Lobuhle Bokuqamba Nenkululeko Yobuciko

U-Deeyah Khan (wase-Norway), ummenzi womculo owaziwa kakhulu futhi nommenzi wmafilimi ayimibhalo, Kanye nomsekelo wamalungelo abesimame, wakhethwa njengeNnxusa Lobuhle le-UNESCO ukuze kusekelwe ukwazisa Kanye nokuqwashisa ngesiVumelwano, okubonakala ngokuvikelwa izingcweti kanye nokuzethula kwazo ngenkululeko.



Ukwenza umthelela



Ukuhamba kwezingcweti e-Barbados

Ukukhuthaza ukuthunyelwa komculo wasekhaya, i-IFCD isekele ukubamba iqhaza kwamaciko avela e-Barbados kwi-National Association of Campus Activities (i-NACA) Convention e-United States of America. Le phrojekthi iholele esivumelwaneni seminyaka emithathu phakathi kwe-Association of Music Entrepreneurs Inc. (i-AME) kanye ne-NACA futhi nokubambisana ukuze kukhuthazwe abanye abaculi abayisithupha. Ngenxa yephrojekthi, laba baculi manje sebehambisa umculo wabo phesheya.



Intsha • Guatemala

I-IFCD isekele amaphulo amancane emkhakheni wokulalelwa kubonwe e-Guatemala. Osomabhizinisi angaphezulu kwe-100 bamasiko endabuko baqeqeshwa beqeqeshelwe ukuqamba kokulalelwa kubonwa nokukukhiqiza. 'Ngithole ulwazi olwanele ukubona umsebenzi wokulalelwa kubonwe njengethuba langempela lomsebenzi', kusho u-Nikte Hernandez, osebenza e-Tamalito Prodcciones.



Ukuqashwa kwenqubomgomo e-Colombia

E-Colombia, i-UNESCO isebenzisane nohulumeni ukuqinisa ukubambisana phakathi kongqongqoshe kanye nokugqugquzela izisebenzi zomphakathi, ukusungula izizinda zokuxoxisana ngenqubomgomo. Le mizamo iholele ekufakweni kombiko we-Colombia wokuqala owenziwa ngezikhathi ezithile ngokusetshenziswa kwesiVumelwano. Ibuye yaba nomthelela ekwakhiweni kwesivini sokwamukelwa ko-'Mthetho Osawolitshi' i-'Orange Law' ngo-Ephreli 2017, okuhlose ngawo ukuthuthukisa kanye nokwenza ngcono izimboni zamasiko nokuqamba zase-Colombia.



Ubusomabhizinisi • e-Pakistan

Ngokusekelwa i-UNESCO, osomabhizinisi abasebancane abanokuqamba e-Pakistan bahlanganiswa okokuqala ukuze baxoxisane ngamamodeli amasha amabhizinisi ezimbonini zokuqamba zedijithali futhi bathuthulise amakhono abo okunethiwekha. Baphinda futhi baxoxisana: ngokufinyelelaka kuzimalimboleko nakuzikhungo zokufukamela amabhizinisi; ukuhambiseka kwe impahla nezinsizakalo ziya kwamanye amazwe; ucwaningo nentuthuko, amasu okuthengisa nawokuzithengisa; kanye nokufundiswa kwabasebenzi abanolwazi abasebancane



Amasu entuthuko esimeme • e-Viet Nam

I-UNESCO supported participatory consultations involving governmental and non-governmental cultural actors, industry stakeholders and media, to produce 'Creative Viet Nam - a Framework for Growth, Competitiveness and Distinctiveness Strategy'. Leli qhinga ngokuhamba kwesikhathi lagququzela 'iCebo Likazwelonke Lentuthuko Lezimboni Zamasiko ZaseVietnam ukuya kowe-2020, ngenhlosombono yokuya kowe-2030 'ehlose ukwenza izimboni zamasiko zibe yinto ebalulekile yomnotho wezwe laseVietnam.



Ubuchwepheshe bedijithali • e-Senegal

IFCD yesekela u-Kër Thiossane, i-NGO yase-Segal ekhethekile ekwakhiweni kobuciko bokusakaza okuhlukahlukene. Le NGO yazinikela ukubembeni amawekhshophu okuqeqesha kanye nzindawo zokuhlala amaciko endawo angaphezu kwe-150 abafunde ukuthi kwenziwa kanjani ukuzethula kobuciko esebenzisa amathuluzi okusakaza ahlukahlukene noma kanye nokuthi angayifinyelela kanjani izimakethe zase-Senegal nakwizimekthe zomhlaba. Ngaphandle kwezinzuzo ezisondele ezikhona I-UNESCO yahlinzeka ngokusekelwa kwezobuchwepheshe e-Mauritius ukuze kuklanywe umthetho omusha wokuqinisa izinga labaculi. Ngenqubo yomhlangano wokubonisana oNgqongqoshe abasebenza ngokufanelekile, amaciko kanye nezikhungo, uMnyango Wezobuciko Namasiko wahola izingxoxo zokuchaza isimo samaciko, zokuthuthukisa izimo zawo zomnotho ezenhlalo futhi wamukela iqhaza lawo ekuthuthukisweni kwesiqhingi



Status of the artist • Mauritius

UNESCO provided technical support in Mauritius to design a new law to professionalize the status of artists. Through a consultation process gathering responsible ministries, artists and institution, the Ministry of Arts and Culture led discussions to define the professional status of artists, improve their economic and social working conditions and recognize their role in the sustainable development of the island.



IsiKhwama Somhlaba Sokuhlukahlukana Kwamasiko

IsiKhwama Samazwe Omhlaba Sokuhlukahlukana Kwamasiko (i-IFCD) siyisikhwama esinikela ngokukhethekile, esenziwe ngokuzithandela esisungulwe ngaphansi kwesiVumelwano esigqunguzela ukuvela kwemikhakha yezamasiko aguqukayo emazweni asathuthuka ayiNgxenye yesiVumelwano. Inhloso yaso enkulu ukukhuthaza intuthuko esimeme nokuncishiswa kobuphofu ngokutshalwa kwezimali kwezobuciko.

Inamazwe avela eMazweni Athuthukile Nasathuthuka esebenza ndawonye, i-IFCD ibe yisibonelo esinamandla sokubambisana kwamazwe omhlaba futhi imiphumela yayo ikhombisa ukuthi ukutshalwa kwezimali ekuqambeni kungecine kuphela nje ngokukhuthaza imisebenzi futhi nokwandisa imali engenayo kepha ibuye kube negalelo ekwenzeni ngcono ukufinyeleleka ezimakethe zasekhaya nezezifunda.

Kusukela yasungulwa, i-IFCD ibe negalelo ekuthuthukisweni nasekusetshenzisweni kwezinqubomgomo zamasiko, ekuhlonyisweni kosomabhezini bezamasiko, ekuqhathaniseni izimboni zamasiko kanye nasekwakheni amamodeli amasha ebhizinisi lezimboni zamasiko.

Izimali zinikelwa aMazwe Angamalungu e-UNESCO, abantu ngabanye kanye nabanikeli bomkhakha wangasese.

i-IFCD ixhase ngezimali ngaph ezulu



100 amaprojekhthi

futhi itshale izimali ngaphazulu kwe



US\$7 wezigidi

kumaprojekhthi angaphezulu



50 emazweni asathuthuka



44% lamaprojekhthi athola izimali kwi-IFCD avela e-Afrika



63% oamaprojekhthi athola izimali kwi-IFCD avela kuma-NGO



Ubukhosi obuvela e-Afrika

"Ngaphandle kwe-IFCD, umasipala ubengeke akwazi ukunaka ukukhona kwakhe kwamasiko, futhi ubengeke azuze kalula kanjalo ezimalini ezivela kwabanye abanikeli"

uMphakathi Obumbene, e-Côte d'Ivoire

"Ucwaningo lomthelela oluxhaswe ngezimali yi-IFCD lwasetshenziswa njengethuluzi lokwazisa umthetho omusha ngokuthenga komkhakha kahulumeni imisebenzi yobuciko"

IHhovisi LikaNgqongqoshe Wezamasiko, e-Burkina Faso

"Indlela yesiko ishintshwe kakhulu ngenxa yeprojekhthi yethu ye-IFCD. Amasiko awaseyona into ebuthakathaka kakhulu entuthukweni; angaba neqhaza elikhulu ku-GDP"

IHhovisi LikaNgqongqoshe Womnyango Wezobuciko Namasiko, e-Togo

ISIKHWAMA SAMAZWE OMHLABA SOKUHLUKAHLUKANA KWAMASIKO (I-IFCD)




UBANI ONGAFAKA ISICELO KU-IFCD NGEZIMALI

- Iziphathimandla nezikhungo zikahulumeni, ama-INGO, ama-NGO
- Ama-SME avela emkhakheni wangasese abonakalayo enkundleni yamasiko



IMITHETHO YOKUXHASWA

- Iphrojekhthi ingaqhubeka Izinyanga ezi-12 ukuya kwezingama-24
- Inani elikhulu lama-US\$



UNGAYISEKELA KANUANI I-IFCD

- kweZingxenye zesiVumelwano
- Iminikelo yomkhakha wangasese kanye noyabantu ngabanye



UKWENZA UMTHELELA

- Ukuba negalelo ngokuzithandela
- Ukuhlonyiswa kwentsha nabesimame
- Ukuqinisa izinqubomgomo zamasiko zendawo
- Ukwakhakha amamodeli amasha amabhzinisi
- Ukuqinisa imikhakha yokuqamba
- Ukwandisa ukubamba iqhaza komphakathi

Ubani Ungubani

Njengesivumelwano samazwe omhlaba, isiVumelwano sisebenza ngaphansi kwenqikithi yemithetho nezinqubo zeNhlangotho Yezizwe. Onke amazwe avumele ukusebenza ngokusemthethweni isiVumelwano abizwa ngokuthi ama- 'iziNgxenywe' futhi ehlangene akha i-'iNkomfa Yezingxenywe'.

Abamele abangamashumi amabili nane bakhethwa ukuba babe sesigungwini esikhulu esibizwa ngokuthi yi- 'iKomidi Lohulumeni' elizosebenza iminyaka emine. Kuhlangotho, kumele izinhloko ezengamele isiVumelwano. Izinhloko zomphakathi zidlala indima ebalulekile futhi zakha izinqubo ezithathwe yizigungu ezengamele ngekusasa lenqubomgomo yamasiko kanye nokubambisana komhlaba wonke

NgeHhovisi Likanobhala wayo, i-UNESCO ibheke umsebenzi wokwakha nokusebenzisa i-ajenda yomhlaba wonke yeziNgxenywe ZesiVumelwano; wokwazisa izinqubo zayo ngocwaningo nokuhlaziya; wokuhlinzeka ngoxhaso lwezimali zohulumeni nama-NGOs nge-IFCD; wokusebenza ukuthunyelwa ezinkundleni ukuhlinzeka ngokuhlonyiswa nosizo lobuchwepheshe; kanye nokufinyelela kubabambiqhaza ukuze kufezwe izibopho zeSivumelwano. Ngaleli thuluzi elinamandla eliguqakayo, i-UNESCO iphinde ihole izimpikiswano zomhlaba jikelele ezindabeni ezokuhlobeni nezimboni zamasiko nezobuciko.

CIZingxenywe Zenkomfa (i-CoP)

- Umgwanda wokuhlela wohulumeni owamukelwe ngokumthethweni isiVumelwano
- Ukuthatha izinqubo zokuphatha ezibalulekile, zokusebenza nezamasu
- Ukukhetha amalungu eKomidi Lohulumeni
- Ukwamukela iMihlahlandlela Yokusebenza
- Zakhiwe yizo zonke izingxenywe ZesiVumelwano
- Zihlangana njalo eminyakeni emibili

IKomidi Eliphakathi Kohulumeni (I-IGC)

- Isigungu somsebenzi esisebenzisa izinqubo zeZingxenywe Zenkomfa
- Sinquma ngamaprojekthi azonikezwa izimali yiSikhwama Samazwe Omhlaba Sokuhlukahlukana Kwamasiko
- Esakhiwe abamele izingxenywe Zamazwe EsiVumelwano angama-24 (isikhathi esiyiminyaka e-4)
- Sihlangana njalo

Ihhovisi Likanobhala We-UNESCO

- Ukusekela ukuthathwa kwezinqubo kanye nokusetshenziswa kwezinhlosongqangi zemigwamanda yayo
- Ukusekela ukusetshenziswa kweSivumelwano ngokusebenzisa ukuthuthukiswa kokuhlonyiswa kanye nezinhlelo zokusiwa ngomsebenzi
- Ukwenza ucwaningo nokuhlaziya kwengqubomgomo

IsiVumelwano

Isizinda Somphakathi

- Abalingani abalulekile ukuze kufezwe izinhloko zesiVumelwano futhi kukhuthazwe ukuvunyelwa okusemthethweni kwesiVumelwano
- Ukubamba iqhaza ekubikeni kane ngesikhathi
- Ukubamba iqhaza elibonakalayo ezinqutsheni zokuthatha izinqubo zemigwamanda eyengamelayo
- Ukubamba iqhaza ekwakhaweni nasekusethenzisweni kwezinqubomgomo zamasiko ezingenilezwe

Amaphuzu Okuxhumana Kuzwelonke

- Akhethwe yizingxenywe ekwamukelweni yisiVumelwano
- Ayahlangotho futhi abelana ngolwazi olumayelana nesiVumelwano namahhovisi ongqogqoshe afanele, nama-ejensi omphakathi kanye nezinhloko zomphakathi
- Ahlela inqubo yokubika kane ngezikhathi ezithile
- Abambisana ne-UNESCO ukuze kuthekelwe izimali ze-IFCD



Ukuhlonyiswa ngokwesidingo

Uma kuziwa ezimbonini zamasiko nokuqamba, kunesidingo esikhulayo samakhono obuchwepheseh, izinto namathuluzi. Njengengxenyentshisekelo yayo ebalulekile, i-UNESCO ihlinzeka ngokuhlonyiswa nosizo lokusebenza kuMazwe Angamalungu ukusekela ubusobala kanye nokubamba iqhaza ezinqutsheni zokuthatha izinqumo. Inhloso enkulu yohlelo lokuhlomisa lwesiVumelwano ngukwakha ukukhona kwabantu nokwezikhungo, ukwabelana ngamakhono obuchwepheshe kanye nokuqinisa amakhono lapho kwakhiwa izinqubomgomo nezinyathela zokukhuthaza ukuzethula okwahlukahlukene kwamasiko. Inqubo ephelele, neyesikhathi eside edinga uthando lwabezombusazwe kanye nokuxoxisana kwalabo okusetshenziswana nabo abehlukahlukene. Lokhu kufaka ukufundisana kontanga ngokusebenzisa inqubo yokushitshana yezinqubomgomo kanye nokubambisana kwaMazwe Asathuthuka.

Uhlelo lokuhlomisa umhlaba lesiVumelwano lusekela



Ukwakhiwa nokusetshenziswa kwenqubomgomo

(ukwakha umkhakha wamasiko, ukuchazwa kwenqubomgomo kanye/ noa ukubukezwa...)



Ukuqashwa nokuhlolwa kwenqubomgomo

(ukwakha inkomba, ukuqokelelwa komniningo, ukubika kwezikhathi ezithile...)



Ukwakha iphrojekhthi

(Ukwakhiwa kwephrojekhthi, ukusetshenziswa nokuhlolwa kwenqubomgomo...)

Ukwethula uhlelo lwayo lokuhlomisa umhlaba, iHhovisi LesiVumelwano lisebenza neSikhungo Sochwepheshe, iqembu lamazwe ngamazwe lochwepheshe abaholayo, abakha amathuluzi nezinto zokuqeqesha, abahlinzeka ngosizo lobuchwepheshe ngokusebenzisa izindlela zokubonisa nokukhoshisa.

Isikhungo Sabanolwazi Oluthe Xaxa

Isikhungo Sabanolwazi Oluthe Xaxa sakhiwa iHhovisi Likanobhala we-UNESCO ukusekela ukuqinisekiswa nokusetshenziswa kwesiVumelwano ukuze kwethulwe ukungenelela ezingane lamazwe ngokuzebenzisa izindlela ezihlukene: usizo lokusebenza lomsebenzi, ukungenelela kokuhlomisa kwesikhathi esifushane neside, ukubonisa nokukhoshisa. Ochwepheshe bazi amathuluzi nezinto zokuqeqesha se-UNESCO, abawemukele ukuwasebenzisa endimeni yasekhaya.

Hlanganyela neqoqo labanikeli ukusekela uhlelo lokuhlomiswa ukulingana kobulili



i-Denmark



i-European Union



i-Germany



i-Norway



i-Republic of Korea



i-Spain



i-Sweden



Abalingani ekumeleni

Ngasekupheleni kweminyaka yama-1990, ngenkathi izingxoxiswano zishisa ngokuthi ukwanda kwemithetho yezohwebo kungavimbela kanjani ukwenziwa kwenqubomgomo yamasiko futhi kube nemiphumela emibi embonini yezamasiko, izinhlango ezingozimele geqe nezazi zamasiko nokuqamba kanye nezigcweti bazibutha. Umphakathi wabambisana neMelika ekuphakamiseni nasekwenziweni kwesiVumelwano. Ngokubambisana, basebenzela ekwamukelwa nokusetshenziswa kwaso.

Namuhla, izinhlango zomphakathi zidlala indima ebaluleke kakhulu ekufezisweni kwesiVumelwano. Ephuzwini le-11, Izingxenywe 'zavuma iqhaza elibalulekile lomphakathi ekufezeni ukuhlukahlukana kokuzethula kwamasiko' futhi zavuma 'ukukhuthaza ukubamba iqhaza okubonakalayo komphakathi komphakathi' emizamweni yawo yokusebenzisa isiVumelwano. Izinhlango zomphakathi zinikezwa indima ebalulekile ekwaxhiweni kwenqubomgomo nasezinqutsheni zokuyisebenzisa, kuzwelonke nakwamanye amazwe.

Kusungulwe inethiwekhi yomhlaba wonke yeZihlalo Ezikhethekile ze-UNESCO kanye nezikhungo zesifunda futhi zinegalelo ekusetshenzisweni kwesiVumelwano ngokuhlomisa, ukwabelana ngolwazi kanye nocwaningo. Inikezela usizo lobuchwepheshe nezinsizakalo ukuze kukhuthazwe ukubambisana kwezifunda kanye nokwamazwe jikelele.





Kungani uvumelana?

Ukuqinisekiswa kabusha kwesiVumelwano kuyisinyathelo sokuqala esibalulekile ekuqinisekiseni ukuthi wonke amazwi ayalalelwa esimweni somhlaba ukue kuvikelwe futhi kukhuthazwe ukwehlukahlukana kokuzethula kwamasiko. Ohulumeni badingeka ukuthi baguqulele le siVumelwano sibe umthetho kazwelonke. Lezi Zingxenye zakha inhlanganisela eyingqayizivele yamazwe omhlaba ethatha izinqumo ezakha ukwenziwa kwenqubomgomo yamasiko yesikhathi esizayo, ukubambisana kwamasiko kwamazwe ngamazwe, futhi ohlomulisa amaciko , izazi zamasiko kanye nezakhamizi ngokufanayo

BENEFITTING FROM THE CONVENTION

Ngemuva kokulungisa isiVumelwano



UHulumeni angenza lokhu:

- Bangahlela ama-ajenda omhlaba wonke ukuze Balungise Kabusha Izingqubomgomo Bezilungiselela Isikhathi Esizayo
- Ukusebenza isiVumelwano lapho kuxoxiswa khona ngemishwana yokuxolelwa kwezimpahla nezinsizakalo zamasiko ezivumelwaneni zokuhweba
- Ukwamukela ngokusemthethweni izinqubomgomo nezinyathelo zasekhaya zokusekela ukuqamba, ukukhiqiwa, ukusatshalaliswa kanye nokufinyeleleka kwezimpahla nezinsizakalo ezahlukehlukene zamasiko
- Ukuhlomula kuzinhlelo zokuthuthukisa amandla ze-UNESCO nezinhlelo zosizo lobuchwepheshe



Izingcweti kanye nezazi zamasiko bangenza lokhu:

- Ukuhlomula ekuhambeni okukhulu nasekufinyeleleni kwimakethe ngezindlela zokuphathwa ezikhethekile
- Ukusebenza endaweni lapho kunenhlonipho khona kwezobuciko, ukuvikelwa kwamalungelo ezomnotho nezenhlalo, ukulingana ngokobulili kanye nokwehlukahlukana kwabezindaba
- Ukulwela izinqubomgomo nezinyathelo ezingcono zokusekela ukuzethula kwamasiko kwamanye



Osomabizinisi abavela emkhakheni wangasese bangenza lokhu:

- Ukuhlomula kwizinhlelo eziqinile zezikhungo nezokulawula kwezimbongi zamasiko nezokuqamba
- Ukuhlomula ezinhlelweni zokusiza nezinyathelo ezisekela amakhono amabizinisi amasiko kanye nakumathuba wokuhweba
- Ukuhlomula ekufinyeleleni okuthe xaxa kwezimakethe emazweni omhlaba



Umphakathi ungenza lokhu:

- Ukufaka isandla ezingxoxweni nasezinqumweni ngekusasa lenqubomgomo yamasiko emazingeni kazwelonke nawomhlaba jikelele
- Ukufaka izingxoxweni ezizimali eSikhwameni Samazwe Omhlaba Sokuhlukahluke Kwamasiko (i-IFCD)
- Ukuthola amakhono nokufaneleka okudingekayo ukubamba iqhaza ekwenziweni kwenqubomgomo, ekuqapheni nasekusebenziseni
- Ukuthembela kumanethiwekhi amazwe angaphandle ukuqinisa izenzo zawo ekhaya

Ukusuka ekulungiseni ukuya ekugqugquzeleni amaforamu amazwe ngamazwe

Ngenkathi isiVumelwano singedluli okanye ukuzibophezela kwamazwe omhlaba, iZingxenye zizinikele ekusebenzisaneni ngokubambisana ukuze kukhuthazwe izinhloso nemigomo yalesi siVumelwano kwamanye amazwe amazwe omhlaba (iPhuzu lama-21). Lokhu kungaholela ekutheni kube nezindlela ezintsha zokuxoxisana ezivumelwanweni zokuhweba ezibonisa uhlobo oluhlukile lwezimpahla nezinsizakalo zamasiko.



Bamba iqhaza!

Ukwenza umsebenzi wesiVumelwano kungumsebenzi wathu sonke. Nazi izindlela ezahlukahlukene ongabamba iqhaza ngazo.

1. Qinisekisa Isivumelwano

Hlanganisa labo abasePhalamende lakho, amanethiwekhi kanye nabalingani bakho ukuba bahlanganyele nalo mphakathi oyingqayizivele womhlaba bese wenza isiko umongo wentuthuko esimeme

2. Hlanganyela neForamu Yenhlango Yomphakathi

Hlanganyela nezinhlangano ezingozimele geqe ezingaphezu kwe-100 ezigunyazwe njengamalungu eForamu Yenhlango Yezomphakathi futhi ubambe iqhaza emsebenzini Wezinhlango Eziphethe ukuze wazise iziphathimandla zikahulumeni ngokukhathazeka kwezakhamuzi ezingeni lomhlaba. Ungasiza ukuqaphela inqubomgomo kanye nokuqaliswa kwezinhlelo, futhi ube nesandla ekuphumeleleni kobusobala obukhulu nasekuziphenduleni ekwengameleni isiko.

3. Yabelana ngemininingo nolwazi

Bamba iqhaza ekudluliseni ulwazi, funda emikhutsheni emihle evela emhlabeni wonke futhi uhlanganyele ezingxoxweni zezinqubomgomo ezizindeni ezahlukene. Amathuluzi okuqapha inqubomgomo zesiVumelwano zinikezela ngenqolobane yomnotho eyingqayizivele yezinqubomgomo nezinyathelo zamasiko. Unga-aploda noma wabelane ngazo zonke izinhlobo zemibhalo, zolwazi nemininingo efanele ekusetshenzisweni kweSivumelwano ezweni lakho.

4. Nikeza ulwazi lwakho

IHhovisi Likanobhala le-UNESCO njalo lenza isimemo kumazwe omhlaba sokuvuselela kwesiKhungo Sabanolwazi Olunzulu. Leli qoqo lochwepheshe abaqeqeshwe kakhulu nabahlukahlukene liqalisa izinhlelo zesiVumelwano emhlabeni jikelele. Ungaletha ucwaningo lwakho ukuze lushicilelwe oChungechungweni Lwenqubomgomo Yesivumelwano Nocwaningo.

5. Faka isicelo kwisiKhwama Samazwe Omhlaba Sokuhlukahlukana Kwamasiko (i-IFCD)

Sebenzisa isiVumelwano. Ukufaka isicelo kwi-IFCD kukunikeza ithuba eliyingqayizivele lokwakha amaprojekthi amasha, ukuthole ukwesekelwa okuvela emikhakheni yohulumeni neyangasese yokuxhaswa ngezimali kanye neyokutshala izimali emasikweni ezweni lakho. Ungajoyina inethiwekhi enkulu yabaqambi nezinhlangano ezihlomulile esiKhwameni.

6. Hlela imisebenzi yokuqongelela izimali ye-IFCD

Hlela umcimbi, uxhase iprojekthi, ubambe ikhonsathi noma umbukiso wokuqokelela izimali ziqokelelwa izingcweti nezazi zamasiko emazweni asathuthuka ngokusebenzisa isiKhwama Samazwe Omhlaba Sokuhlukahlukana Kwamasiko.

7. Ibanegalelo manje

Yenza umehluko ekuveleni kwemikhakha yokuqamba eguquguqukayo emazweni asathuthuka ngokusekela umsebenzi we-UNESCO. IHhovisi Likanobhala lisebenza nabalingani bethu abehlukahlukene ezindabeni ezihambelana nomphakathi womhlaba jikelele. Amazwe angamalungu, izinhlangano zamazwe omhlaba, ama-ejensi entuthuko, imikhakha yangasese kanye nabantu ngabanye bahlinzeka ngokusekelwa kwezimali noma ubuchwepheshe bokufeza izinhloso zeSivumelwano kanye nokuba neqhaza Ezinhlosweni Zentuthuko Esetshenziswayo ze-UN.


“Ukuphila amasiko nobuciko yibhizinisi elinezingozi eziningi - kepha angeke kubekhona ukuqamba noma ukulethwa kokusha kulo mhlaba ngaphandle kokuzifaka ezingozini. Kungakho kunesidingo sokuthi umkhakha wangasese nokahulumeni utshale imali eningi ekuqambeni, ngokwandisa ukunikezwa kwezinhlelo zokuqeqesha ngobuciko noma ngokwenza ngcono izinhlelo zomthetho ukuqinisekisa ukuthi izingcweti ziyazuza emsebenzini yazo.”



ngu-Forest Whitaker

Ishicilelwe ngonyaka we-2018

yi-United Nations Educational, Scientific and Cultural Organization (i-UNESCO)
Culture Sector, 7 place de Fontenoy, 75352 Paris 07 SP, France

© UNESCO 2018 

Lokhu kushicilelwa kuyatholakala ku-Open Access ngaphansi kwe-Attribution-ShareAlike 3.0 IGO (CC-BY-SA 3.0 IGO) license (<http://creativecommons.org/licenses/by-sa/3.0/igo/>). Ngokusebenzisa okuqukethwe yilokhu kushicilela, abasebenzisi baboshezwe ngemibandela yokusebenzisa i-UNESCO Open Access Repository (www.unesco.org/open-access/terms-use-ccbysa-en). Le ntengo ifaka phakathi izindleko zangempela zokuphrinta nokusatshalaliswa. Akunanhloso yokwenza inzuzo.

Izikhundla ezisetshenzisiwe kanye nokumelwa kwezinto ezibonakalayo kukho konke lokhu kushicilelwa akusho ukuthi zethula noma ngabe yiluphi uvo kunoma iyiphi ingxenye ye-UNESCO mayelana nesimo sezomthetho sanoma yiliphi izwe, indawo, idolobha noma indawo noma iziphathimandla zayo, noma maqondana nokukhawulwa kwemingcele noma imingcele yazo. Ulwai nemibono nethulwe kulokhu kushicilelwa ngeyababhali; akuyona leyo ye-UNESCO futhi ayizibophezeli eNhlanguweni.

Amadizayni egarafikhi kanye nedizayni yekhava: u-Corinne Hayworth

Imifanekisolwazi: infographicly & Corinne Hayworth

Amaqiniso nezibalo kuthathwe kwi-Re]Shaping Cultural Policies: Advancing creativity for development (UNESCO, 2017).

Photos copyrights:

- Cover, p. 2, 13, 16, 26 and 28 © Eddy Ilunga Kamuanga, *Circuit Board Paintings*
- p. 4 © Courtesy Aida Muluneh, Ethiopia and David Knut Projects, *The Departure*, 2016, Ethiopia
- p. 7 © Antoine Tempé, *Thelma & Louise*, from the series [re-]Mixing Hollywood by Antoine Tempé and Omar Victor Diop, 2013, Côte d'Ivoire/France
- p. 8 © Creative Commons, license under CC-BY-SA - Kër Thiossane/SlideMedia, 2016, Senegal • Audrey Azoulay: © UNESCO/Christelle Alix, 2018, France
- p. 10 © Byeong Sam Jeon. Photographed by Heon Han, Republic of Korea
- p. 12 © Victor Ehikhamenor, *Child of the Sky*, 2015, Nigeria • Chimamanda Adichie: © Wani Olatunde
- p. 17 © Ebtisam Abdulaziz/The Third Line, *Women's Circles*, 2010, United Arab Emirates • Deeyah Khan: © Geir Dokken
- p. 18 © JR-art.net, courtesy of Agence VU, Action dans la Favela Morro da Providência, *Arbre, Lune, Horizontale*, Rio de Janeiro, 2008, France
- Barbados: © Chiharu Shiota, *Accumulation-Searching for the Destination*, 2015, photo by Sunhi Mang • Guatemala: © Ed Jansen, Mariska de Groot, Dieter Vandoren - *Shadow Puppet*, 2013, the Netherlands, Flickr • Colombia: © Leandra Jasa, Fundacion Teatro Argentino de la Plata • Pakistan: © Asim Waqif, *Prototype for Control*, 2013-2014 • Viet Nam: Ansih Kapoor Sculpture © Andym5855/Flickr.com, 2009 • Mauritius: © Ed Jansen, Arne Quinze - *Violette Uur*, 23-3-12 [close-up], 2012 • Senegal: © International Fund for Cultural Diversity, Kër Thiossane, 2014
- p. 20 © Karl Ahnee, 2016, Mauritius
- p. 23 © Emanuele Cidonelli, *Recreatales*, 2017, Burkina Faso
- p. 24 © nickgentry.com, *Opus*, 2013, United Kingdom
- p. 27 © Creative Commons, license under CC-BY-SA - Gage Skidmore, Wikimedia Commons




United Nations
Educational, Scientific and
Cultural Organization



Diversity of
Cultural Expressions

<http://en.unesco.org/creativity>



 @UNESCO #supportcreativity

 www.facebook.com/unesco

 www.youtube.com/unesco

 www.instagram.com/unesco

 convention2005@unesco.org